UMAFRIKA
Friday, 24 October 2008, p. 4

Bazimisele ngamanzi

NAKUBA abengamele ukusabalaliswa kwamanzi esifundazweni bebike inzuzo ngonyaka odlule, basenezinselelo ukuwafinyelelisa kuzo zonke izindawo

INHLANGANO eyengamele ezamanzi KwaZulu-Natal, uMgeni Water izonxusa u-Ngqongqoshe wezoHulumeni baseKhaya nezoMdabu, uMnuz Mike Mabuyakhulu, aqinisekise ukuthi isabelo-mali samanzi esiqhamuka kuHulumeni omkhulu nowesifundazwe, sisingathwa ngendlela efanele ukuze amanzi afinyelele kuwo wonke amagumbi aKwaZulu-Natal

Lesi sinqumo siyingxenye yeziqukethwe embikweni woMgeni Water okhishwe kuleli sonto esithangamini sabezindaba eThekwini.

Okunye okuphezulu ezinhlelweni zoMgeni Water wukusheshisa izingqala-zizinda zokuqinisekisa ukusatshalaliswa kwamanzi njengokwakhiwa kwamapayipi, ukuhlanganisa izinhlelo eziningi ezihlangene nentuthuko ethinta amanzi esifundazweni.

UMgeni Water uhlela nokusebenza nomNyango wezemiSebenzi yomPhakathi KwaZulu-Natal ohlelweni olubizwa nge-Expanded Public Works Programme ekulweni nendlala.

Inselelo enkulu esabhekene noMgeni Water, wukusweleka kwamanzi namapayipi KwaZulu-Natal nase-Eastern Cape lapho kubikwa ukuthi amanzi atholakalayo angaphansi kuka-88%.

Kwenzeka lokhu nje, umbiko wale nhlangano wonyaka wezimali odlule, ukhomba ukusebenza ngendlela encomekayo nekhiqize inzuzo. Ngo-2008 inani lamanzi adayisiwe lenyuke ngo-8% lisuka kuma-*kilolitre* awu-374-*million* ngo-2007 lafika kuma-*kilolitre* awu-404-*million*.

Kunjalo nje, izindleko zokukhiqiza amanzi zehle ngo-7% zisuka kuR2,18 i-*kilolitre* ngo-2006/07 zaba nguR2,02 i-*kilolitre* ngo-2008.

Isimo sezimali sikhomba izinga lokuzibophezela koMgeni Water ekuhlangabezaneni nasekweneliseni izidingo zomphakathi ngokwemiyalelo kaHulumeni.

UMNUZ Mzimkulu Msiwa oyiChief Executive Officer yaseMgeni Water

Iyaqhubeka futhi le nhlangano nohlelo lwentuthuko lweminyaka emihlanu. Kunesamba esilinganiselwa kuR1,7-*billion* esihlinzekelwe uMgeni Water ukuthi wenze isiqiniseko sokuthi amanzi ayafinyelela kuHulumeni waKwaZulu-Natal, koMasipala abayi-6 nezinye izinhlaka ezengamele amanzi.